

Ukujula BokuHlanya Obulethwa Umculo

U-MPhrofethi wohlelo lwe- Islam u-Muhammad, ukuthula kube kuye, wayeqikelela ukugwema umculo wanoma iluphi uhlobo, wayeze avale izimbhobo zamadlebe akhe ngeminwe ukuthi kungangeni nomcane umsindo womculo. Kube kamumva lapho sesigcine sithola ukuthi noma ngabe asinakile ekudlalweni komculo, kepha ukufika kwawo emadlebeni ethu kunomthelela ongemuhe ezingqondweni zethu.

Umculo awuzange ube yimvelo kwisintu futhi wawunqatshiwe kumasiko amaningi ezizwe. Wawuyinto egwenywayo isikhathi eside kwaze kwathi ngalanga limbe abantu bathola sekuyinto ehehayo base bezama ukuthi ukusetshenziswa kwawo kube nomphumela omuhle kakhulukazi uma kunemigido yezenkolo nokukhonza. Kepha lokho okuqalekisiwe U-Somandla ngeke umuntu akwenze kube ngcwele! Isinengiso esinjalo siyisizathu esanele ukuthi asiziqhelise kuso kwasampela. UMphiku-Kristu obizwa ngokuthi u-Dajjal uzosebenzisa umculo njengesikhali esibalekile kuye ukudukisa isintu. U-Sathane oqalekisiweyo uzamile ukusebenzisa amaqhinga amaningi ukuthambisa izinhliziyi zethu ukuze kube lula ukuthi simukele u-Dajjal/UMphiku-Kristu uma esefika sizithole sesingabalandeli bakhe.

Ukuthola kabanzi ngalokhu nokuhlanjululwa kushevu ongene ngomculo ezinhliziyweni zethu, vakashela ku-



DARUL IHSAN
HUMANITARIAN CENTRE
GUIDANCE • UBUNTU • EMPOWERMENT

FATWA

- Q & A • Estate Planning
- Muslim Marriages Tribunal (MMT)
- Dispute Resolution • Research

EDUCATION

- Madrasah Abraar • Learn the Deen
- Teach the Deen • Basic Islam for Reverts
- Al Ihsan Micro Library

SOCIAL COUNSELLING

- Counselling Services
- Marriage Workshops • Learner Support
- Mediation • Drugs Awareness Drive (DAD)

WELFARE & EMPOWERMENT

- General Welfare
- Spiritual Guidance • Bursaries
- Self Help Projects • Feed a Pupil
- Feed a Patient • Feed the Needy
- Disaster Relief • Skills Development
- Kajor & Blanket Distribution
- Build a Home • Food Gardens
- Food Carts • Sewing Machines
- Caregiver Course
- Al Ihsan Clinic Day
- Al Ihsan Relief (Local & Overseas)

YOUTH

- Youth Camps • One-day Activities
- Career Guidance • Websites
- Youth of the Ummah (YOU)
- Daughters of the Ummah (DOU)

PUBLICATIONS

- Masjid Posters • Fanfolds • Enews
- Books • Audio • Al Ihsan Times

PROGRAMMES

- General & Seasonal Programmes
- Seminars & Workshops
- Jum'ah Roster & Speakers
- Azamtu Ahlil Bayt was Sahabah (RA)

MEDIA

- Media Watch • Letters to the Editor

BOOKSHOP

- Contemporary Books • Audios

LITERATURE COLLECTION

- Collection • Sorting • Disposal
- Redistribution

IT

- e-newsletter
- Social Media
- darulhsan.com • you.org.za
- dou.org.za • alhsan.co.za • dad.org.za
- mmtsa.co.za • alhsanbookshop.co.za

GENERAL

- Sadaqah Jariyah
- Library & Research
- Marriage Registration
- Assistance to Organisations
- Complimentary Items



HEAD OFFICE

70 Joyce Rd - Sea Cow Lake
Durban - South Africa

BRANCHES

Overport
98 Overport Drive

Phoenix
13 Acropolis Road - Starwood

Howick
38 Midmar Road - Howick West

Johannesburg
34 Mercury Street - Mayfair West

Umculo Ekugcineni Kuvezwa Ubungozi Bawo

(Music finally exposed)

Published By:



DARUL IHSAN
HUMANITARIAN CENTRE
GUIDANCE • UBUNTU • EMPOWERMENT

www.darulhsan.com
disc@darulhsan.com
031 - 577 7868

Ekugcineni Kuvezwa Ubuze boMculo

Ingqondo yomuntu iyisizinda esilawula ukusebenza komzimba wonke kumuntu. Icubungula ulwazi olufika kuyo luza ngemizwa (senses) bese luyagcinwa. Noma yini egcinwayo ewulwazi ekugcineni iba ngenye yezigaba ezakha ubuthina. kunomahluko phakathi kolwazi olumayelana nesikukhumbulayo nalokho okugcina sekungubuthina (personality). Izinkumbulo (memories) zigcinwa emqondweni ngesikhathi ubuthina ngqo bomuntu buxhunyaniswa nomphefumulo wakhe.

Ulwazi oseluhlaziweyo okuyilo olwakha ubuthina lunomthelela omuhle noma ongemuhe kwinqolobane yolwazi. Thatha ikamelo elilodwa lokulala nesimo sobuthina esikulelo kamelo. Uma ikamelo lihlanzekile futhi liqholwe ngamakha anuka kahle, nobuthinangqo buzoba buhle futhi bube nokuthula. Kepha uma ikamelo lingenakuhlazeka, nomoya ongemuhe kulo, kusho ukuthi singalindela ubuthinangqo obungenakuphumula futhi obubhavumula ngokushesha nangokucanulwa yize noma into engasho lutho. Abantu abaningi abanenkinga yolaka olusheshayo nokuba nokhwantalala, bayahluleka ukuthola noma ukubona impande nomsuka walobubi...umculo!

Ukuhlanza Inhliziyo

Isango elikhulu eliya emqondweni yilokho esikubona ngamehlo. Noma yini esiyibona ngamehlo enyama inokunamisa futhi ilethe ubuhle noma ijabhise noma ibolise inhliziyo.

Uma sisebenzisa loluhlobo lomuzwa wokubuka ngamehlo ngokukhanyisa ubuhle babantu esingaganene nabo, lokhu kwenza inhliziyo ibole, kusuke nobuhle esisebenze kanzima ukufinyelela kubo. Yingakho ukuxhumana ngokomshado kungubungcwele futhi kubalulekile. kuyasiphoqa ukuthi sihlale sikhombisa inhlonipho kulabo esiganene nabo, sibahloniphe ngokubabuka okunothando kunokuba singcolise izinhliziyo zethu ngoshevu wezinkanuko zokujejeza labo okungekho ukuxhumana nabo ngokomshado.

INkohliso eza ngoMsindo woMculo

Umuzwa wokuzwa (sense of hearing) omunye wamasango aseceleni kepha aphakela ingqondo futhi ungezinye zezindlela ezilula eziphakela ingqondo. Abantu abaningi banesiphiwo sokukitaza abanye ngezithopho noma ngamazwi omunye umuntu athandayo ukuwezwa, kepha ngenhloso yokuzuza okuthile kuloyo okitazwayo. Ubuntungqo (personality) bomuntu bungenziwa bubenamandla noma bube buthakathaka, kuye ngokuthi imaphi amazwi asetshenziswayo. Uma kungamazwi okugqugquzela kusho ukuthi umuntu angakhuthazeka, uma kungamazwi anehlamba noma anokubukela phansi kusho ukuthi umuntu angaphelelwa umdlandla abe nokudikibala. Ngabe umsindo womculo unamphumela muni kulowo ozwakala kuye?

IThonya eliNingi NgokweQile

U m c u l o u t h u m e l a u m y a l e z o ngokuphindaphinda kuwo wonke umzimba,

ofika ube nendawo ethile emukelekayo. kunokwenzeka sizwe umuzwa wenjabulo, ukudinwa, usizi, umunyu noma kuvuke imizwa yenkanuko. Kepha yonke le mizwa ingeyesikhashana ngoba akusiyo eyangempela, iyakhohlisa. Amandla anobungozi imizwa enayo ekushayeni ezinhliziyweni zethu buyingozi ngendlela yokuthi isimomuntu siyaguquka senze umuntu abemubi futhi abe nokunyanyeka ngokomphefumulo, futhi abe umdlwembhe nembhuka.

Konke lokhu kwenzeka ngaphandle kokuthi singakukhalima ngesizathu sokuthi ingqondo yomuntu ikwenza lokhu ngokumukela bese iyazihlaziya konke okufika kuyo kuza ngemizwa (senses). Okuthusayo kakhulu amazwi asetshenziswayo kulomculo wanamhlanje. Amazwi athunaza abantu besimame nezinhamba naqukethe ukuthi izingane nentsha ukuya kwabo ezikoleni kungukuchitha isikhathi, ukungabi nampokophelo yemfundo kuyinto enhle, futhi anikeza umqondo wokuthi injabulo isemalini, uma unemali uqedile nanokuthi isithunzi sakho sisekutheni ugqoka nhloboni yempahla. Amazwi avimbela izinhliziyo zethu zingaphokopheli imigomo (goals) yezinga eliphezulu njengokuganana kwakhiwe imindeni, ukuba nempilo engcono, ukukhula ngokomoya nokuthuthukisa izimilo. Lokho okwiyikho okulekelela futhi okuletha injabulo yeqiniso kuyazitshwa noma kuchithwe ngenxa yezizathu ezidalwa ukungqongqoza njalo emiqondweni yethu umculo oqukethe amazw anoshevu.